

USARS neSAICA basayinde i-MOU ukuzama ukulekelela ukuhlomisa umqoqintela

Tshwane 06 July 2021 – UKhomishana woPhiko lweziMali eziNgenayo eNingizimu Afrika (SARS), uMnu Edward Kieswetter, kanye noMphathi Omkhulu (CEO) we-South African Institute of Chartered Accountants (SAICA), uMnu. Freeman Nomvalo, bavumelene ukusungula ubudlelwane bokusebenzisana ukwakha amandla okusebenza kwa-SARS.

Njengengxenywe yenqubo yayo yokuqinisekisa ukuthi inamakhono afunekayo ukugcina umyalelo wayo, uSARS usucele usizo ku-SAICA lokuqasha ongoti abanesipiliyoni sentela nokuphenya besebenzisa isayensi nobuchwepheshe ukusiza ukuhlomisa isikhungo ngokuletha izinsiza ezinobulungu be-SAICA's *Chartered Accountancy*.

Ukusebenzisana kuzolekelela uSARS ukwazi ukuhlangabezana nesidingo samakhono afana nongoti ekucwaningweni kwamabhuku, ukudluliswa kwamanani, ukukhumuzeka kwentela kanye nokudluliswa kwenzuzo, umnotho ongemthetho kanye nophiko lwabantu abadla izambane likapondo. Ngokwesivumelwano (MOU), i-SAICA izolekelela uSARS ekuhlonzeni nasekuqasheni abantu abanethalente elihambisana nesipiliyoni, amaphepha emfundo kanye nemfundo kulezi zindawo ezilandelayo:

1. Abazoqeqeshwa: Abafundi abaqede izifundo zabo zasenyuvesi abazothanda ukuqeqeshelwa ukuba ama-CAs(SA) kwaSARS;
2. Abantu abasanda kugogoda ezifundweni zabo: Ongoti abasebancane abasanda kugogoda ezifundweni zabo njengama-CAs(SA) futhi abanentshisekelo ezindabeni zentela nasemikhakheni efana nayo bazoba nethuba lokuqala ukusebenza nomqoqintela;
3. Abantu abanesipiliyoni: Ongoti abanesipiliyoni se-CAs(SA) ezindabeni zentela nasemkhakheni ofana nayo bazoba nethuba lokuhola/balekelele amathimba nokuphenywa kwamacala kwaSARS.

I-SAICA izosebenzisana noSARS ukukhuthaza amathuba emisebenzi ukulekelela uSARS ngokuzama ukuhlomisa uSARS njengoba behlose ukwakha uhulumeni okhonayo

ngokusebenzisa umqoqintela osebenzayo. Phezu kwalokho, i-SAICA izinikele ekuqhubekeni nokuthuthukisa amalungu ayo ngokuvula amathuba entuthuko kwezemisebenzi.

Uma unemibuzo kwabezindaba, sicela uxhumane nabo:

SARS' Media Contact: Anton Fisher ku SARSMedia@sars.gov.za, noma

SAICA's Media Contact: Karin Jacobsen ku karinj@saica.co.za.